

Kubanjwe izicathulo okungenzeka zingombombayi zenani elingu-R3-million uma zizonke

21 kuZibandlela 2022 – Izisebenzi Zehhovisi Elilawula Impahla Emngceleni zoPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (SARS) zishaqe izicathulo okungenzeka zingombombayi (amateki namasandali) enani elilinganiselwa ku-R3-million kule mpelasonto eyedlule.

Uphiko Lwezinja Ezihogela Umkhondo (DDU) zeHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni elisemngceleni waseLebombo neMozambique baphenya iloli elidonsa amakonyane amabili lingena eNingizimu Afrika. I-DDU ithole amapheya ayi-5237 ezicathulo namasandali okunegama (okungenzeka ukuthi zingombombayi). Izinto zatholakala zilayishwe ngemuva kumakonyane eloli.

Izicathulo zinikezelwe kusigcinampahla sombuso seHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni laseNingizimu Afrika ukuze zidluliswe futhi kuxhunyanwe nabanikazi begama lelo elikuzo ukuze kuqinisekise ukuthi ngabe zingezangempela na.

UKhomishana wakwaSARS u-Edward Kieswetter uncome izisebenzi zeHhovisi Elilawula Impahla Emngceleni kanye ne-DDU ngokuqaphela kwabo ekuvimbeleni ukuthi izimpahla ezingombombayi zingangeni ezweni. “Imboni yokukhiqizwa ngokusemthethweni kwezingubo nezindwangu ezweni kumele yesekwe kanti noSARS uphinde wakhombisa futhi ukuthi uyayidlala indima yawo ukuqinisekisa ukukhula kwemboni nokusungulwa kwemisebenzi.”

UMnu Kieswetter wengeze ngokuthi uSARS uzimisele ngokuveza lokhu okuchazwa amasu okuphokophelwe okwenza ukungathobeli imigomo yentela kube nzima futhi kumbe eqolo kunoma ubani owephula umthetho. “Yize sesikwenze kwaba lula ukuthobela imigomo yentela, angeke sizibekezelele izigebengu nalabo abasebenzisanayo ekunqindeneni ukuchuma komnotho wezwe lwethu nenhlalakahle yezakhamizi zethu”

Ngolwazi olwengeziwe sicela uxhumane ne Sarsmedia@sars.gov.za

